# IHhovisi Elilawula Impahla Emngceleni lakwaSARS lishaqe isidakamizwa i-Crystal Meth e-OR Tambo International Airport

**28 kuNcwaba 2022 -** Izisebenzi zeHhovisi Elilawula Impahla Emngceleni loPhiko Lwemalingeniso Eqoqwayo LwaseNingizimu Afrika (SARS) elisesikhumulweni sezindiza i-OR Tambo Airport, libambe impahla ehlukaniswe yayizijumbana ebilibangise e-Australia. Umthwalo owawudalulwe njengomata abaziwa nge-Multi-Purpose Anti-Slip Mat uhlolwe watholakala ukuthi usetshenziselwe ukufihla isidakamizwa i-Crystal meth enesisindo esingama-785 kg senani lasemgwaqeni lika-R236 million.

Ngemva kwale mpumelelo, uMnyango wokuPhenywa koBugebengu obuseQhulwini ngaphansi koMnyango wamaPhoyisa (Hawks) waziswa ngalokhu okutholakele kanti nezimpahla zinikwe bona ukuze baqhubeke nophenyo.

UKhomishana wakwaSARS uMnu Edward Kieswetter ushayele izandla imizamo yezisebenzi zeHhovisi Elilawula Impahla Emngceleni ngokunqanda ukuthunyelwa kwezidakamizwa. Uthe, "Ngifuna ukuthumela isexwayiso esicacile ezigebengwini ezisebenzisanayo wokuthi ukusetshenziswa kwezintuba zethu zokungena/zokuphuma ukwenza ubugebengu balolu hlobo, izisebenzi zethu ziqaphe eqolo njengonwabu futhi zisebenza kanzima ukuqeda lolu hlobo lobugebengu. Ukubambisana okuhle phakathi kwezisebenzeli zokuphoqelelwa komthetho kulezi zintuba zokungena yikho okwenza sikwazi ukubhekana nalezi zenzo ezingemthetho".

Ngolwazi olwengeziwe, sicela uxhumane ne SARSMedia@sars.gov.za


